UMAFRIKA
18 Nov 2011, p.9

# Umbukiso wezitshudeni zeGraphic Design

**ISIKHUNGO semfundo ephakeme saseThekwini, iDurban University of Technology (DUT) kulelí sonto senze umbukiso waminyaka yonke wemisebenzi esuke yenziwe yizitshudeni zomkhakha weGraphic Design. Phakathi kwemisebenzi ethathe amehlo yimidwebo ye-Alphabet eqala ku-A kuya ku-Z ebiyakhiwe ngoJulius Malema. Esikhundleni sezinhlamvu ezingama-26 ze-Alphabet, lunye kuphela olungadwetshwanga, ngu-L. UNksz Sne Mtetwa, owenza unyaka wesithathu, uhlabane ngendondo yeJusi Typography, okuyindondo ephezulu kwezokusungula imidwebo yezinga eliphezulu. Uchazwe njengonesiphiwo esikhulu. Isiqubulo sombukiso wangalo nyaka besithi "Township Style"**




***UTYLER Dolan uzamile ukuyibamba i"Life" yaseKasi njengoba kubonakala amakesi namabhodlela kabhiya emsebenzini awenzile***




***USNE Mtetwa, owenza unyaka wesithathu, noklonyeliswe ngendondo uhalaliselwa nguKhanya Bhengu. Ikhono likaSne libonakala nangesitayela sezinwele ekhanda***




***EMVA kombukiso, kube nomculo, izidlo neziphuzo kwabakhona nabenza njengoba kwenziwa eKasi uma kuphuzwa***



***UNONZUZO Nzimande owenza unyaka wesine, uqhamuke neDesign entsha yenqola ethwala izivakashi edonswayo okuthiwa yiRickshaw***



***USEAN Abdul oqhamuke nemidwebo ekhangayo, yezinhlamvu zamagama ezakhiwe ngomz imba kaJulius Malema. Uhlamvu u'b' lumkhombisa njengoba enjalo uMalema nesisu sakh***



***U-ANDILE Gumede owenza unyaka wesine***